

UKUFUNGA

Mina Nonthethelelo Loraine Khoza ngiyafunga ukuthi lo msebenzi osihloko sithi **Ucwaningo ngokwethulwa kwabalingiswa besifazane emanovelini amathathu abhalwe ngababhali besifazane: Ngokwendlela Yewumenizimu** umsebenzi wami engizenzele wona. Ngiyafunga ukuthi izincwadi ezisetshenzisiwe nengibukele kuzo ziveziwe ekugcineni ngokuveza imithombo yolwazi.

Ukusayina:.....

Usuku:.....

N.L Khoza

AMAZWI OKUBONGA

Ngifisa ukubonga kakhulu kubo bonke ababambe iqhaza ekwenzeni lo msebenzi wami ukuba ube yimpumelelo. Ngifisa ukubonga kakhulu laba abalandelayo:

Ngidlulisa ukubonga okukhulu kumeluleki wami uDokotela E.B. Zungu ngokungihola, angeluleke lapho kudingeka khona. Ngiyabonga kakhulu ngosizo lwakhe olungivule amehlo ngafunda okuningingokungihola kwakho. Ngithi umwele olude Manzini, Gwabini.

Ngibonge naseNkosini enginike Amandla okuthi ngibhale lo mbhalo.

Ngibonge kakhulu kumama wami uMaNdlovu, uGatsheni ngokungisekela njalo kulolu cwaningo. Ngiyabonga ngokungibekezelela. Ngikufisela unwele olude, iNkosi ikugcine njalo.

Ngibonge izihlobo nabangane ngokungikhuthaza njalo. Nime njalo.

Ngibonge kakhulu kuMnu Sizwe Siwela ngokungilungisela umsebenzi wami.

Lo msebenzi ngiwethulela ubaba wami ongasekho emhlabeni, ngithi Khoza, Gumede elihle, Vezi, Mvundune, Sombaba onjengeNkosi.

IQOQA

Ucwaningo oluphatelene nabesifazane luhlezi luhlabahlosile emhlabeni jikelele noma esizweni sase-Afrika. Lokhu kwenziwa ukuthi abantu besifazane bazithola bagcindezekile ngokwezomnotho, ezopolitiki nokunye. Uma kucwaningwa ngabesifazane kusuke kubhekwa kakhulu iqhaza labo ekusimamiseni imindeni, imiphakathi yabo kanye nesizwe. Imibhalo yobuciko okubalwa kuyo amanoveli, imidlalo kanye nezindaba ezimfushane kusikhanyisela kabanzi ngendlela imiphakathi yethu ebuka ngayo abesifazane. Ngakho-ke ukubheka indlela abesifazane ababukwa ngayo emiphakathini yethu kusikhanyisela kahle ngezimo abesifazane abaphila ngaphansi kwazo. Yingakho imibhalo yobuciko ibambe ingqenye enkulu ekuthuleni amaqiniso ngesimo senhlalo abesifazane abaphila ngaphansi kwaso.

Lolu cwaningo luhlose ukubheka indlela abalingiswa besifazane abathulwa ngayo emibhalweni yobuciko ekhethiwe. Lolu cwaningo aluhlosile ukuqhathanisa imibhalo yobuciko ekhethiwe kodwa luhlose ukubheka ukuthi ababhali besifazane babethula kanjani abalingiswa besifazane. Yingakho-ke kulolu cwaningo kukhethwe ababhali abathathu besifazane kuphela. Isizathu sokukhetha ababhali besifazane yingoba sikholelwa ekutheni akekho umuntu owazi owesifazane kangcono kunomuntu wesifazane. Okusho ukuthi uma sifuna ukuqonda imicabango nemizwa yowesifazane kumele sibuze komunye wesifazane. Ekubhaleni imibhalo yobuciko kubonakala ngathi abesilisa ababambe iqhaza elikhulu. Lokhu kuchaza ukuthi indlela abaveza ngayo abalingiswa besifazane ihluke kakhulu uma beqhathaniswa nababhali besifazane. Ababhali besilisa banendlela yabo abathula noma abaveza ngayo abalingiswa besifazane okungenzeka ukuthi ishiye imibuzo. Yingakho-ke kubalulekile ukubheka indlela ababhali besifazane abathula ngayo abalingiswa besifazane ukuze kubhekwe umehluko noma ibanga elihanjiwe ekuthuleni abalingiswa besifazane ngendlela eyiyo.

Ukukhetha injulalulwazi efanele futhi ehambisana nengqikithi yocwaningo kuchaza ukuthi imiphumela ephathekayo futhi evula iminyango eminingi. Ngakho-ke injulalulwazi yewumenizimu iyona ekhethiwe ukuhlaziya abalingiswa besifazane kula manoveli akhethiwe.

Amagama abalulekile

Imibhalo yobuciko, iwumenizimu, ifeminizimu, ababhali besifazane, abalingiswa besifazane, amasiko esiZulu, ukwethula, umshado, ubulili, izinkolelo, uhlelo lobulili.

OKUQUKETHWE

UKUFUNGA	I
AMAZWI OKUBONGA	II
IQQQA	III

ISAHLUKO SOKUQALA

1.1 Isingeniso	1
1.2 Intshisekelo yocwaningo	8
1.3 Inhloso yalolu cwaningo	9
1.4 Amagama adinga ukuchazwa	11
1.4.1 Imibhalo yobuciko	11
1.4.2 Abalingiswa	12
1.4.3 Ubulili	12
1.4.4 Uhlelo lobulili	13
1.4.5 Izinkolelo	13
1.4.6 Ifeminizimu	14
1.4.7 Iwumenizimu	15
1.5 Ukuvezwa kwabalingiswa besifazane emazweni omhlaba kanye nesemazweni ase-Afrika	16
1.6 Umklamo walolu cwaningo	18
1.7 Ukubuyekezwa kwemibhalo	18
1.8 Isiphetho	22

ISAPHLUKO SESIBILI

IZINDLELA ZOKUQHUBA UCWANINGO NEPHARADAYIMU

2.1 Isingeniso	23
2.2 Ipharadayimu yocwaningo	24
2.3 Ipharadayimu ekhrithikhali	29
2.4 Ukuhlaziya ngokwethekisthi	31
2.5 Ucwangingo ngendlela yekhwalithethivu	34
2.6 Abalingiswa	35
2.7 Isiphetho	39

ISAPHLUKO SESITHATHU

INJULALULWAZI

3.1 Isingeniso	40
3.2 Ifeminizimu	40
3.3 Iwumenizimu	47
3.3.1 Iwumenizimu	47
3.3.2 Iwumenizimu yase-Afrika	50
3.4 Isiphetho	61

ISAHLUKO SESINE

Amasu okumelana nezimo zemiphakathi eqhoqhobelwe ngabesilisa enovelini ethi "Umsebenzi Uyindlala"

4.1 Isingeniso	63
4.2 Ukufingqa indaba	63
4.2.1 Ukuvezwa kwabalingiswa besifazane	65
4.2.1.1 UNunu	66
4.2.1.2 UKaMajola	71
4.2.1.3 USue	74
4.2.1.4 USally	75
4.3 Isiphetho	78

ISAHLUKO SESIHLANU

Umthelela wesimo senhlalo nesomnotho empilweni yabesifazane enovelini ethi "Uthando Lungumanqoba"

5.1 Isingeniso	80
5.2 Ukufingqa indaba	80
5.2.1 Ukuvezwa kwabalingiswa besifazane	82
5.2.1.1 UPhindile Mthethwa	82
5.2.1.2 UMaShezi	87

5.2.1.3 UMaXaba	90
5.2.1.4 UMumsy	92
5.3 Isiphetho	96

ISAHLUKO SESITHUPHA

Ukushintsha kwendlela kuphila yabesifazane emphakathini enovelini ethi “uMshado”

6.1 Isingeniso	100
6.2 Ukufingqa indaba	100
6.2.1 Ukuvezwa kwabalingiswa besifazane	102
6.2.1.1 UTholakele	102
6.2.1.2 UPamella	109
6.2.1.3 ULindiwe	110
6.2.1.4 Unina kaBhekani	112
6.3 Isiphetho	114

ISAHLUKO SESIKHOMBISA

ISIPHETHO

7.1 Isingeniso	115
7.2 Ukuhloliswa ukwethulwa kwabalingiswa besifazane	115
7.3 Ukuhloliswa kwezahluko zocwaningo	119

7.4 Ababhali besifazane nababhali besilisa	125
7.5 Imibono ngokuvezwa kwabalingiswa besifazane	126
7.6 Izincomo	130
7.7 Isiphetho	132
Imithombo Esetshenziwe	133